



INGEDE

Lishicilelwe yi - SOUTH AFRICAN SUGAR ASSOCIATION EXPERIMENT STATION

April 2004, Vol. 7, No.1



UKUNAKEKELA UMOBA OSHAYWE ISOMISO

Okumele ukwenze

- Hlahla wonke umoba ongakwazi ukuwuhlahla.
- Ngisho umoba onogaba olufushane olungango 50cm noma umoba ongakhipha isivuno esilinganiselwa ku 10-15 tc/ha uzokwazi ukukukhokhela izindleko zokuhlahla nezokuthutha umoba.
- Ungawuhlahli umoba ongeke uthathwe emshinini

Ukuhlola umoba ensimini

1. Uma umoba ulungele ukugaywa(njengokuthi nje onogaba olufushane olungango 50cm noma umoba ongakhipha isivuno esilinganiselwa ku 10-15 tc/ha

1.1 UMOBA OHLUKUNYEZWE KAKHULU ISOMISO

Izimpawu

- Ugaba lwawo lunamahlamvu angaphansi kwamathathu ahlaza. (Lomoba usuke ungeke usamila)
- Ikhasi ngaphandle lapho kuhlangukhona khona amalunga lishwabene.
- Uma uhlakaza ugaba phakathi nendawo uzothola ukuthi seluqala ukuba nombala obomvu futhi selunukisa okotshwala.
- Uma kunomswakamo ongangamaphesenti angu 68, ugaba luyafa.

Okunconywa ukuba ukwenze

- Lomoba kumele uhlahlwe bese uyagaywa ngokukhulu ukushesha. (Into yokuqala okumele yenziwe)
- Ungawuhambisi umoba ozace kakhulu emshinini kodwa wushiye ensimini.

1.2 UMOBA ONGAHLUKUMEZEKILE KAKHULU

Izimpawu

- Ugaba lunamahlamvu angaphezu kwamathathu asehlaza. (Lomoba usengakhula emasontweni amane kuya kwayisithupha.

Okunconywa ukuba ukwenze

- Lomoba usengalinda kuze kuqedwe ukuhlahla lona ohlukumezekile kakhulu.
- Lomoba kumele uhlahlwe kuyo lesizini ungayekelwa unyaka ozayo.
- Faka isikhuthaza kuwo wonke amasimu ngaphambi kwezimvula zentwasahlobo.

2. Uma umoba ungeke ukwazi ukuwuhlahla (uma unogaba olufushane kuno 50cm)

2.1 UMA UNGENAYO INKINGA YESIHLAVA

Onconywa ukuba ukwenze

- Uyeke lomoba ungawuhlahli. (Lomoba uzobe ungasakhuli kodwa sewugcina umswakamo nomsoco kuphela. Ukuwuhlahla kuzokwenza ukhule kabusha bese nawo ubulawa isomiso. Kungaba ngcono ukuthi uwuhlahle uma sezidlulile izimvula zokuqala kwentwasahlobo.
- Faka uhafu we Nitrogen enconyiwe uma sekufike izimvula.
- Gcina amasimu akho engenalo ukhula ngoba nalo luthatha umswakamo ofanele ngabe utholwa umoba.

2.2 UMA UNENKINGA YESIHLAVA

Okunconywa ukuba ukwenze

- Ushise lomoba bese uyawuhlahla.
- Waphathe lamasimu njengehlumela lokuqala uma kuqala kuna izimvula.

Ukuphathwa komoba oshaywe isomiso.

Uhlelo lokuwuhlahla

- 1 Umoba onesihlava kuqala
2. Osezindaweni ezingajulile
3. Landela ngalezondawo ezibheke enyakatho ngoba ziyashisa.
4. Umoba osegqumeni (ngenxa yomswakamo ongafinyeleli phezulu.)
5. Osesigodini.

Izinhlobo zomoba

Ezinye izinhlobo ziyakwazi ukumelana nesomiso kunezinye.

Uhlelo lokuhlahla:

Qala ngalezizinhlobo	Ulandele ngalezizinhlobo	Gcina ngalezizinhlobo
NCo 376, N19	N16, N17, N27, N35	N12, N21, N29, N33

3. Ukwakha izitaki

- Shiya ithophisi elithe ukuba lide kunelejwayelekile (ubude obungangxenywe eyi ¼ yemitha).
- Yakha izitaki
- Engeza amaketango ukubopha izitaki.
- Ungawuhambisi umoba olula kakhulu emshinini.
- Uhambise emshinini ngokushesha.



UKUSUSA IZIPHUNZI NOKUSHAYA AMATHOPHISI KUZOKWANDISA IMALI ENGENA EPHAKETHENI

Uwashayela kuphi amathophisi?

Ngokwejwayelekile ithophisi lisuswa lapho kuqala khona ihlamvu elisehlaza noma elokugcina phansi emobeni. Kanti kuba yilapho umoba uziqhephukela khona. Ku-vamise futhi ukuthi kube ilendawo lapho umoba usuqala ukuba muncwana khona uma uwunambitha.

Ngakho zimbili izindlela zokwazi:

- Bheka ihlamvu elisehlaza lesihlanu noma elokugcina phansi
- Yizwa ujusi ophumayo uma unambithisa ilunga kulendawo ukuthi limuncwana yini.

Lokhu kuyasiza futhi uma wena ukude nomshini ngenxa yokuthi awuthuthi futhi ukhokhele amathophisi angeke akubuyisele imali ngoba nasemshinini abawadingi. Ngakho-ke yisa into ozokhokhelwa ngayo emshini okuwumoba ovuthiwe.

Noma ukushaywa kwamathophisi kubalulekile kanti nokususa iziphunzi noma indlela yokuhlahlela phansi nayo ibalulekile.

Ukushiya iziphunzi

- Kumosa imali ngoba ushukela ugwele kulomoba osele eziphunzini.
- Lokhu kwenza ukuthi izimpande zihlume ngaphezulu esikhundleni sokuthi zihlume ngaphansi komhlabathi bese ziyoma zife kube ima kuqhuma ezintsha ngaphansi.
- Iziphunzi futhi zifukamela umnyovu wesihlava lokhu okwenza ukuthi umoba omilayo ube sewunesihlava.
- Iziphunzi zinganyathelwa ogandaganda lokhu okungadala ukuthi ungabe usakwazi ukumila umoba.

Ukushayela phansi kakhulu

Lokhu nako kunezinkinga.

- Lokhu kulimaza izimpande ngaphansi okuyizona angabe ziyaqhuma zikhiphe ihlomula elisha.
- Lokhu futhi kusho ukuthi umlimi uthumela lokhu okungadingeki emshinini okunjengemhlabathi nezimpande. Lezizinto zidala izinkinga ezinkulu emshinini okudala kuphuke umshini bese uyama ukusebenza.

NGAKHO-KE SHAYELA MAQONDANA NOMHLABATHI!



AMASU ASEMQOKA

May, June, July and August



- Cela umeluleki wakho wezolimo ukuba nenze uhlelo lokutshala indima eyisibonelo endaweni yenu ngo 2005.
- Kumele nikucabangisise ukuqala isimiselo sezitshalo lapho nizo-thola khona imbewu yenu ngo 2005. Lokhu kuzonehlisela izindleko zokutshala.
- Hlola insimu yakho ukuthi ayinaso yini isihlava. Uma ishayeke kakhulu isihlava kuhle ukuthi usheshe uhlahle.
- Gcina insimu yakho ingenakhula ukuze umoba ukhule kahle ku-lobubusika.
- Kubalulekile ukuthi ukhiqize umoba osesimweni esihle – Hlolisisa imigomo yokuhlahla kanye nosonkontileka bakho.
- Lapho kunesidingo lungisa amadabuli akho.
- Qiniseka ukuthi usonkontileka uyazi ukuthi umshini ufuna umoba onjani.
- Hlala njalo uxhumana nomeluleki wakho wezolimo.
- Thatha umhlabathi kulawo masimu azotshalwa kabusha ukuba uyohlolwa.
- Shiya amadabuli omlilo azungeze insimu.
- Uma udinga ukufaka umcako kumele uwufake kusasele amasonto ayisithupha ngaphambi kokuba utshale.
- Ingabe amasimu osazowahlahla awanalo ukhula?
- Ingabe amasimu ozowatshala adatshuliwe?
- Usukulungele ukufakwa kukaphoyizeni ensimini yakho?
- Khipha wonke amavolontiya kulawo masimu ozowatshala kabusha

ISIMANGA SEPHEPHA ELAKHIWE NGETASHI KAMOBA

Itashi yomoba ingaba ingcebo ebalulekile uma ishiywa phansi ngoba iyakwazi ukonga umswakamo, ivimbele ukhula kanti ivimbela nokuguguleka komhlabathi.

Ungeke wacabanga ukuthi kukhona ongakwenza ngetashi kamoba engakulethela imali. Kanti ukhohliwe, itashi kamoba ayigcini nje kuphela ukukusiza ensimini kodwa ungeneza ubunotho bayo ngokuyisebenzisela ezinye izinto njenge phepha eliphambili. U Jayne Ferguson wakwa CANEGROWERS bavakashela I projekthi elwa nendlala esendaweni enomoba e Showe. I KZN Paper Making and Craft Packaging uhlelo lomphakathi olwaqala ngo January 2000 ngoxhaso olwalutholakale emnyangweni wezamaSiko neze Sayensi kanti uqeqesho lwabe lwenziwa i Technikon yese Witwatersrand. Loluhlelo luveza amakhono kanye nolwazi lokwenza amaphepha ngezitshalo.

Ukwenza iphepha kungabukeka kulula kanti ushaye phansi. Uma usubheka kahle uyabona ukuthi kungani kudingeka abantu abangu 30 ukukhiqiza amashidi amaphepha alinganiselwa ku 1000 ngosuku. Baqala ngokuqoqa amathophisi bese kukhishwa isiqu kusale amahlamvu aqotshwayo abe mancane. Lawo mahlamvu abe esefakwa emanzini ane soda ash bese ebiliswa ama hour angu 2 kuya kwawu 3. Emva kwalokho I soda ash ibe seyicwengwa kanye nobuthi okuthiwa I chlorophyll emva kwalokho bese kufakwa komunye umshini obizwa nge Hollander beater. Kuya ngokuthi linjani iphepha elidingekayo, ngalesisikhathi sekufakwa ipheshana elisetshenziswa kuma compuyutha kwenzelwa ukushintsha umbala uthi ukuba hlazana ngokukhanyayo. Leyo mbinjimbini bese icwengwa kusetshenziswa isisefo esilingana nesikali sephepha elidingekayo. Lawo mashidi ashiywa lapho kuze kuphele izinsuku ezimbili. Uma selomile-ke iphepha libe selilulwa nge ayini selilungele ukudayiswa.

“Kona kuyaqhukuzeka nje noma kuhamba kancane kodwa ibhizinisi liyakhula” kusho Xolani Cebekhulu, OyiMenenja kanti futhi onekhono lokudweba. Iinganiselwa ku R30 000 ngenyanga imali etshalwa ibuyele kulomphakathi wasemaphandleni. “Enye yezingqinamba esihlangabezana nayo ukuthola njalo amathophisi esizowasebenzisa, ngokomthetho sidinga nje ilodi elilodwa leveni”. Eliningi laleliphepha lidayiswa ema flea makethe noma kunembukuso kodwa sikhona nje isitolo esincane esikhona lapha sisebenzela khona kodwa inhloso enkulu ukuthi badayisele izinkampani ezinkulu. Bathola ioda lamaphepha angu 1 200 asetshenziselwa I Annual Report yakwa SA Canegrowers. Ngaphambi nje kukhokhwe izindleko imali engamaphesenti ayishumi ibuyiselwa kwi projekthi.

Ngaphandle kokugqugquzeleka okulethwa ile projekthi emphakathini kodwa nalabo abakuyona sebethole ukuhlomula

ngokufunda ukuzimela. Ikomidi labantu abangu 8 sebeqeqeshiwe ekuphathweni kwebhizinisi nasezintweni ezinjengoku oda, ukubala isitokwe nokunye. Loluqeqesho lubaluleke kakhulu njengoba noMnyango wezamasiko neSayensi uzobe usuyeka ukuxhasa ngo December walonyaka. Le projekthi seyizoba ibhizinisi elizimele ngokugcwele kanti eselibhalisiwe ngokusemthethweni ngakho eselizokwazi ukuthi lidale amathuba emisebenzi.

Kuningi abakwenzayo ngaleliphepha okubalwa kukhona ama bhokisi ama thishu, izimvulophu, ama fremu okufaka izithombe njll.

Ukuzigqaja ukubona emehlweni kubantu abasebenzayo kanti nesisho esithi “ungamniki umuntu ufishi kodwa munike udobo” siya ngokuba sobala lapha.

Ihlanganiswe u Jayne Ferguson wakwa SA CANEGROWERS.



Lapha intsha itshengisa umshini olomisayo futhi uliqondise ozishaya sa-ayini. Esithombeni esincane amathophisi aphekwayo ebhodweni.

UBUHLE BOMOBA

UBUHLE BOMOBA BUQALA ENSIMINI

Ukunakekelwa kwensimu

- Imbewu esezingeni noma eseqophelweni, engenazifo futhi ephilile
- Inhlobo kamoba etshalwayo
- Indlela umhlabathi olungiswe ngayo
- Insimu engenakhula
- Insimu eyondliwe ngomanyolo owanele nofanele.

Ukuhlahla

- Ukuvuthwa noma ubudala bomoba
- Ukugawulela phansi noma ukungashiyi iziphunzi

- Indlela onquma ngayo amathophisi, lapho liziqhephukela khona
- Umoba ohlanzekile, ongenapayi, ongenamhlabathi nongenazimpande

Ukubambezeleka komoba

Kusukela ushiswa kuze kufike emshinini

- Umoba omusha ongaphelile isikhathi
- Shisa umoba olingene ukuhlahlwa ngalolosuku futhi ozosheshe uhambe
- Mazingadluli izinsuku ezimbili umoba ungangahambile ukuya emshinini
- Ungashiyi amabhondela ensimini.



UKUVAKASHA KWABASAKAZI EMBONINI KASHUKELA



Abantu ababekashela imboni kashukela babexube izikhulu zakwa Department of Agriculture, abasakazi bemisakazo ehlukene nabalimi abakhulu base Noodsberg.

Gqogquma ngase Wartburg nalapho bafika bamukelwa ngezandla ezimhlophe abalimi abakhulu base Wartburg kanye nomeluleki wezolimo wakwa SASEX. Lapha-ke bakhonjiswa ipulazi lapho abalimi akade belima ezingeni elincane sebhlanganise amasimu abo benza ipulazi elikhulu ngosizo lomlimi omkhulu wasendaweni. Lokhu kwaba ivuthondaba impela kululuhambo ukubona ukusebenzisana kwabalimi abancane nabakhulu. Emva kwalokho bathathwa bayiswa emshinini kashukela ose Noodsberg ngase Wartburg. Ilapho-ke abafika babhema bakholwa sebezibonela ngawabo ukuthi ngempela umoba uphenduka kanjani ugcine usungushukela. Sagcina e Noodsburg Country Club nokuyilapho esadla khona saze safinya ngendololwane.

Ngosuku lwesibili bavakashiswa e Shukela Training Centre, okuyisikhungo senhlangano kashukela esicija makhono ahlukahlukene emsebenzini yezandla kusukela ekukhandeni ogesi, ukwakha izindlu, ukukhanda izimoto nokunye okuningi. Bazibonela ngawabo ukuthi ziningi kanjani izinto ezifundiswa laphaya e Shukela Training Centre. Usuku nosuku kunezidlo ezimnandi ababelungiselwe zona. Kwasukwa-ke futhi lapho kwayiwa e Sugar Terminal, kulapho kugcinwa khona ushukela othuthelwa kwamanye amazwe. Lendawo yekhelwe osebeni lwechweba ukuze kube lula ukulayisha imikhumbi. Kulapho esafunda khona ukuthi kuthatha isikhathi esingakanani ukulayisha umkhumbi nokuthi ihamba isikhathi esingakani uma iya ezindaweni ezahlukeneyo. Kanti safunda nokuthi ushukela ongacolisisiwe kuphela othunyelwa kwamanye amazwe. Nakhona sabona uhambo lukashukela usuka emshinini uze uyofika emkhunjini noma ezitolo.

Kwabe seluphelela lapho-ke uhambo. Abasakazi babengawuvali umlomo ngalokho ababekubone embonini kashukela.

Ngo Disemba wonyaka odlule, abasakazi bezinhlelo zezolimo beziteshi ezahlukeneyo zalapha kwaZulu-Natali bavakashela imboni kaShukela. Zinhlanu iziteshi inhlangano kaShukela esebenzisana nazo, Ukhozi FM, Radio Khwezi, Imbokodo FM, Radio Maritzburg kanye ne Icora FM. Ngosizo lwaleziteshi isikhungo sezocwaningo sakwaShukela I SASEX sesiyakwazi ukudlulisela ulwazi nobuchwepheshe kubalimi bomoba ababalelwa ku 48 000.

Ngosuku lokuqala bavakashiswa kwa Shukela e Mount Edgecombe. Baqala bakhonjiswa umlando kashukela nge video lapho itshengisa ukuthi ushukela wenziwa kanjani kusukela usawumoba kushe kuyofika usungushukela. Bafakwa emakhumbini basiwa e

IMIFUNDAZE YEMBONI KASHUKELA KA 2005!!!

Isikhwama semboni kashukela I SITFE nesasungulwa ngo 1965 ngenhloso yokubhekana ngqo nenselelo enkulu ebhekene nezemfundo e Ningizimu Afrika, sidinga intsha ezimisele ukuthi ifake izicelo zomfundaze yango 2005.

Inhloso yalesisikhwama I SITFE:

- Ukukhiqiza amakhono asezingeni emikhakheni yezo Limo, Sayensi noNjiniyela ezindaweni ezikhiqiza umoba.
- Ukuqinisa ubudlelwano ezikhungweni ezisezindaweni ezikhiqiza umoba ngakho-ke lezozikhungo ziyelekelelwa.
- Ukuthuthukiswa kwamakhono ezindaweni zase-maphandleni ukuze zikwazi ukuzimela.
- Ukuveza amathuba azolungisa isimo sokungalingani esasidalwe ubandlululo.

Amafomu ayotholakala ekupheleni kuka Mbasa (April) 2004 emakolishi ezolimo alandelayo:

- Owen Sithole College of Agriculture, KwaZulu - Natal
- Cedara College of Agriculture, KwaZulu - Natal
- Lowveld College of Agriculture, Mpumalanga

Ukuze ube ngomunye wabacatshangelwayo mayelana nalemfundaze kumele ube nalokhu okulandelayo:

- Kumele wamukelwe ekolishi lelo ofuna ukuyofunda kulona
- Kumele ube isakhamuzi salapha eNingizimu Afrika futhi ube nokuxhumana okuthile nemboni kashukela.
- Umfundi osebenzisana nomphakathi noma ovolontiyayo uyocatshangelwa kangcono

Ukuvalwa kwezicelo kugcina ngomhlaka 28 ku Nhlangu-lana (June) 2004, bese kuhlungwa ngo Ntulikazi (July) 2004.

Izicelo zomfundaze wokuyofunda e Nyuvesi nase Technikon nawo amafomu ayotholakala ekupheleni kuka Mbasa (April) 2004 emanyuvesi nasematechnikon alapha KwaZulu-Natal.

Ukuze ube ngomunye wabacatshangelwayo mayelana nalemfundaze kumele ube nalokhu okulandelayo:

- Ube ngumfundi osenza unyaka wakhe **wesibili**
- Kumele ube umfundi owenza izifundo zezo Limo, eze Sayensi noma ezobu Njiniyela eTechnikon noma e Nyuvesi esendaweni ekhiqiza umoba.
- Kumele ube ngumfundi ongenasikweletu nesikhungo leso ofunda kusona ngonyaka ozothola ngawo umfundaze.
- Kumele ube isakhamuzi salapha eNingizimu Afrika futhi ube nokuxhumana okuthile nemboni kashukela.

Amafomu ayatholakala kulezizindawo ezilandelayo:

Emahovisi osizo lwezimali ezikhungweni zemfundo ephakeme,, emahovisi akwa Canegrowers ezifundeni, emahovisi amakomidi abalimi, kondabazabantu basemshinini. Ungakwazi futhi ukufaka isicelo kwi internet kulelikheli www.sasa.org.za. Uma ufuna ulwazi olwengeziwe ungaxhumana no Sindi Mkhize, SASA Programme Co-ordinator kulenombolo 031 508 7029 noma kule e-mail sindi.mkhize@sasa.org.za.

IZINHLELO ZEZOLIMO EMISAKAZWENI



Ukhozi FM ku 90.1 – 107.5 fm

Izindaba zabalimi NgoLwesithathu ngo 04h15 – 04h45 Ekuseni
Cobela kufalaza mlimi NgoLwesihlanu ngo 03h45 – 04h45 Ekuseni

Radio Maritzburg ku 107.6 fm

Vuk' uzenzele Ngo Msombuluko ngo 05h00 – 06h00 Ekuseni
Vuk' uzenzele Ngo Lwesithathu 05h00 – 06h00 Ekuseni

Radio Khwezi ku 90.5 no 107.5 fm

Ezolimo nomnotho NgoLwesine ngo 05h05 – 05h35 Ekuseni
Ezolimo nomnotho (R) NgoLwesine ngo 19h05 – 19h35 Ebusuku

Icora FM ku 100.4 fm

Kumand' ekhaya NgoLwesibili 10h00 – 11h00 Ekuseni
Phezu komkhono NgoLwesithathu 19h00 – 20h00 Ebusuku

Imbokodo FM ku 96.8 fm

Ezolimo NgoLwesihlanu 05h00 – 06h00 Ekuseni

